



UKUHLANGANYELA KODADEWETHU EKUQOQENI U-ISRAYELI

NguMongameli uRussell M. Nelson

Ngelula isicelo somphrofethi kini, abasifazane beBandla, ukuba nilungise ikusasa ngokusiza kuqoqwe u-Israyeli.



Kumnandi ukuba nani, bodadewethu abathandekile futhi abayigugu. Mhlawumbe okusanda kungenzekela kuzonibonisa kancane ukuthi ngizizwa kanjani ngani kanye namandla amakhulu eniwaphiwe.

Ngolunye usuku ngenkathi ngikhuluma nebandla eNingizimu yaseMelika, ngazithola nginomfutho omkhulu ngesihloko sami, kwathi ngesikhathi esibalulekile, ngathi “njengo *mama* wabantwana abayi-10, nginganitshela ukuthi . . .” Ngase ngaqedelela umusho wami.

Anginakanga ukuthi ngasebenzisa igama elithi *mama*. Umhumushi wami, ezicabangela ukuthi ngangikhulume

iphutha, walishintsha igama elithi *mama* wasebenzisa elithi *baba*, ngakho-ke, ibandla alazanga ukuthi ngangizibize ngomama. Kepha, unkosikazi wami uWendy wezwa, wakuthokozela ukuphunyuka kwami.

Ngaleso sikhathi, isifiso sami sokwenza umehluko emhlabeni—ngendlela kwenza ngayo umama kuphela—sakhuphuka savela enhlizweni yami. Eminyakeni esidlulile, uma ngibuzwa ukuthi *ngakhethelani* ukuba ngudokotela, impendulo yami yayihlezi ifana: “Yingoba ngangingakwazi *ukukhetha* ukuba ngumama.”

Ngicela niqaphele ukuthi uma ngisebenzisa igama elithi *mama*, angikhulumi kuphela ngabesifazane abazele noma abathole abantwana kulempilo. Ngikhuluma

ngawo *wonke* amadodakazi aBazali bethu baseZulwini asekhulile. *Bonke* abesifazane bangomama ngenxa yisimilo sabo esingcwele esingunaphakade.

Ngakho-ke, ngalobusuku, njengobaba wabantwana abayi-10—*amadodakazi ayisishiyagololunye* nendodana eyodwa—futhi njengoMongameli weBandla, ngithandazela ukuthi nizozwa ukuthi nginikhathalele kanjani—ukuthi ningobani nakho konke okuhle eningakwenza. Akekho ongenza okwenziwa owesifazane olungile. Akekho ongalingisela umthelela kamama.

Abesilisa bayakwazi futhi bajwayele ukuxoxisana nabanye ngothando lukaBaba oseZulwini kanye noMsi-ndisi. Kepha abesifazane banesipho esikhethekile sokwenza lokhu—isipho esingcwele. Ninekhono lokuzwa ukuthi omunye udingani—futhi ukudinga *nini*. Nikwazi ukufinyelela, niduduze, nifundise, futhi niqinise omunye esikhathini sakhe sokuswela.

Abesifazane babona izinto ngokuhlukile kunabesilisa, futhi, ave siyidinga imibone yenu! Isimilo senu siniholela ekucabangeni ngabanye *kuqala*, ukuze nibone umthelela wokuthile.

Njengoba uMongameli Eyring achaza, kwakungumama wethu ongwele u-Eva—kanye nombono wakhe obona kahle uhlelo likaBaba wethu oseZulwini—owangenisa esikubiza ngo “kuWa.” Isinqumo sakhe esikhaliphile futhi esitshengisa isibindi kanye nesinqumo sika-Adamu esimusekelayo saqhubeza uhlelo lenjabulo likaNkulunkulu. Badala ukuthi sikwazi sonke ukuza emhlabeni, sithole umzimba, futhi sikhombise ukuthi sikhetha ukumela uJesu Kristu *manje*, njengoba senzile sisaphila impilo eyandulela eyasemhlabeni.

Bodadewethu abathandekile, ninezipho zomoya ezikhethekile futhi namakhono. Namuhla ngiyaninxusa, ngethemba lonke lenhliziyi yami, ukuba nithandazele ukuqondisisa *izipho zenu zomoya*—nizinaekele, nizisebenzise, futhi nizikhulise, kakhulu kunalokhu ebenikwenza. Nizoguqula umhlaba uma nenza njalo.

Njengabesifazane, nikhuthaza abanye futhi nakha izinga elifanele ukulandelwa. Manginikeze umsuka wezimemezelo ezimbili ezinkulu ezenziwa kumhlangano omkhulu odlule. Nina, bodadewethu abathandekile, nanibalulekile kuzo zombili.

Esokuqala, ukusizana. Izinga elikhulu kakhulu lokusizana yilelo likaMsindisi wethu, uJesu Kristu. Ngenjwayelo, abesifazane baseduzane, futhi babehlezi beseduzana kwaleli zinga kunabesilisa. Ngesikhathi usiza omunye ngempela, ulandela imizwa yakho ukuze umsize omunye ezwe uthando lukaJesu Kristu. Ukusiza omunye kungaphakathi kwabesifazane abalungile. Ngazi abesifazane

abathandaza nsuku zonke, “Ubani Ofuna ngimusize namhlanje?”

Ngaphambi kwesimemezelo sango-Ephreli 2018 sendlela engcono futhi engcwele yokunakekela abanye, abanye besilisa babejwayele ukumaka ukuthi umsebenzi wabo wokufundisa ngokuvakashelana “bawenzile” bese beqhubekela kokulandelayo.

Kepha, ngenkathi *nina* nibona ukuthi udade enimfundisayo udinga usizo, nanisukuma masisha futhi nimuvakashele inyanga yonke. Ngakho-ke, *kwakuyindlela* enanifundisa ngayo eyagququzela lokhu kukhula oku-yele ekusizeni abanye.

Ngomhlangano omkhulu odlule saphinda sahlela kabusha imigwamanda yobuPhristi bukaMelkisedeki. Ngesikhathi sicabanga ukuthi singasiza kanjani amadoda eBandla azimisele kangconyana emisebenzini wabo, sacabanga ngesibonelo seNhlangano yokuSiza yabesiFazane.

KwiNhlangano yokuSiza yabesiFazane, abesifazane beminyaka ehlukene nezikhathi ezihlukene zempilo, bayahlangana. Yonke iminyaka iletha izinkinga ezihlukile, kepha, *nanikhona*, isonto nesonto, nihlangana, nikhula futhi nifundisa ivangeli ndawonye, futhi nenza umehluko wangempela emhlabeni.

Manje, ukulandela isibonelo senu, abanikezwe ubu-Phristi bukaMelkisedeki bangamalunga omgwamanda wamagosa. Lawa madoda aneminyaka ehlukahlukene kusukela eminyakeni ewu-18 kuya eminyakeni ewu-98 (mhlawumbe nengaphezulu kwalokhu), futhi anolwazi lwempilo kanye nolwazi lobuphristi oluhlukahlukene nalo. Labafowethu sebengakha ubudlelwane obungcono, befunde ndawonye, futhi babusise abanye kangcono.

Niyakhumbula ngoJuni odlule, udadewethu uNelson nami sakhuluma nentsha yeBandla. Sayimema ukuba izinikele kwamabutho abantu abasha beNkosi ukuze isize ekuqoqeni u-Israyeli emacaleni womabili esihenqo. Lokhu kuqoqa “kuyimbangela *enkulu*, isizathu *esikhulu*, futhi umsebenzi *omkhulu* emhlabeni namhlanje”!¹

Imbangela edinga ngempela abesifazane, ngoba abesifazane babumba ikusasa. Ngakho-ke namuhla, nginixusa njengomprofethi, nina abesifazane beBandla, ukuba nibambe ikusasa ngokuqoqa u-Israyeli.

Ningaqalaphi?

Manginikeze *izimemo ezine*:

Okukuqala, ngiyanimema ukuba nizile imithombo yezokuxhumana izinsuku eziyi-10 kanye nakho konke okwezindaba okuletha imicabango emibi futhi engcolile emqondweni wenu. Thandazani ukuba nazi ukuthi yikuphi okumele nikususe ngenkathi nizila okwezindaba. Okuzokwenzeka uma senzile okwezindaba izinsuku

eziyi-10 kunganimangaza. Nibonani uma senithathe ikhefu kwimibono yomhlaba elimaza imoya yenu? Ngabe sekukhona ushintsho *manje* ngalapho ofisa ukuchitha isikhathi namandla akho? Kukhona okubalulekile kini osekushintshile—noma yikancane nje? Nginyaninxusa ukuba nibhale futhi nikulandele konke enikuzwayo.

Okwesibili, ngiyanimema ukuba nifunde iNcwadi kaMormoni phakathi kwamanje nasekupheleni konyaka. Noma ngabe kubonakala kunzima kanjani lokhu uma uhlanganisa nokwenzayo manje, uma uzokwamukela lesimemo ngenhliziyo yakho yonke, iNkosi izokusiza uthole indlela yokukwenza. Futhi, ngenkathi ufunda ube uthandaza, ngiyanimema ukuthi amazulu azonivulekele. INkosi izonibusisa ngokuboniswa nezambulo eziningi.

Ngenkathi nifunda, nginganigquguzela ukuba nidwebele ivesi ngalinye elikhuluma ngoMsindisi. Bese niyazimisela ngokukhuluma ngoKristu, ukujabula kuKristu, ukufundisa ngoKrsitu kanye nemndenani nabangani benu.² Nina nabo nizozisondeza kuKristu ngale ndlela. Futhi ushintsho, kanye nezimangaliso, kuzoqala kwenzeke.

Namhlanje ekuseni kumemezelwe ngohlelo olusha lwangeSonto kanye nokufundisa okusha okugxilwa kukho ekhaya bese kusekelwa yiBandla. Nina, bodadewethu abathandekile, ningukhiye ekuphumeleleni kwalendlela entsha, esekeliwe futhi ehleliwe yokufundisa ivangeli. Ngicela nifundise labo enibathandayo ngenikufundayo emibhalweni engcwele. Bafundiseni indlela yokuya kuMsindisi ukuze bethole amandla Akhe okupholiswa nokugezwa uma bona. Futhi nibafundise indlela yokuthola amandla Akhe aqinisayo izinsuku zonke zempilo yabo.

Okwesithathu, yakhani indlela yokuya ethempelini ngokujwayelekile. Lokhu kungadinga ukuzinikela okuningana ezimpilweni zenu. Isikhathi esiningi ethempelini sizonika iNkosi ithuba lokuba Inifundise indlela yokusebenzisa amandla obuphristi eniphiwe wona ethempelini Lakhe. Nina eningahlali eduzane nethempelini, ngiyanimema ukuba nifunde ngomoya womthandazo ngamathempeli emibhalweni engcwele kanye nasamazwini abaprofethi abaphilayo. Funani *ukwazi* kangcono, *niqonde* kangcono, *nizwe* kangcono ngamathempeli ngaphezulu kwalokho enike nakwenza ngaphambilini.

Kwingxoxo nentsha ngoJuni odlule, ngakhuluma ngomlisa osamncane owashintshelwa yimpilo ngesikhathi abazali bakhe bethatha uringo lwakhe lwesimanjemanje bese bemnikeza olwakudala. Umama walomlisa osemncane wayengowesifazane onokholo. Wabona indodana yakhe isondelana nezinqumo ezingayenza ingayi ukuyofundisa ivangeli. Wahambisa ethempelini izicelo zakhe

zokwazi indlela enhle kakhulu angasiza ngayo indodana yakhe. Wase walandela yonke imizwa yakhe.

Wathi: “Ngezwa uMoya ungiyalela ukuba ngibheke uringo lendodana yami ngezikhathi ezithile ukuze ngithole okuthile. Angikwazi ukuzisebenzisa izincingo zesimanjemanje, kepha uMoya oNgcwele wangisiza ngakwazi ukusebenzisa yonke imithombo yokuxhumana engingayisebenzisi kwamina! Ngiyazi uMoya oNgcwele usiza abazali abafuna usizo ekuvikeleni izingane zabo. [Ekuqaleni] indodana yami yangidinelwa kakhulu. . . . Kepha emva kwezinsuku ezintathu nje, yangibonga! Yawuzwa umehluko.”

Ukuziphatha kwendodana yakhe kwashintsha kakhulu. Yaqala yasiza kakhudlwana ekhaya, yamoyizela kakhudlwana, futhi yalalela kangcono esontweni. Yaku-thanda ukusiza endaweni yokubhabhadiswa ethempelini nokulungiselela ukuyofundisa ivangeli.

Isimemo sami sesine, kunina esinikhulile, ukuba nizinikele ngokuphelele kwiNhlangotho yokuSiza yabesiFazane. Nginyaninxusa ukuba nifunde istatimende senhloso seNhlangotho yokuSiza yabesiFazane. Siyakhuthaza. Singakusiza wakhe istatimende senhloso sempilo yakho. Ngiyanicela futhi ukuba nifunde amaqiniso kumbhalo weNhlangotho yokuSiza yabesiFazane owashicilelwa eminyakeni engama-20 edlule.³ Ikhopi yalombhalo isedongweni lehhovisi lobuMongameli bokuQala. Ngiyajabula *njalo* uma ngiwufunda. Uchaza ukuthi ningobani nokuthi iNkosi ifisa nibe ngobani *kulesi* sikhathi njengoba nidlala indima *yenu* ekuqoqeni u-Israyeli.

Bodadewethu, *siyanidinga!* “Sidinga amandla *enu*, ukuguquka *kwenu*, ukuzethemba *kwenu*, ukuhola *kwenenu*, inhlakanipho *yenu*, namazwi *enu*.”⁴ Asikwazi ukuqoqa u-Israyeli ningekho.

Ngiyanimema futhi ngiyanimema futhi nginibusisa ngekho lokushiya umhlaba ngenkathi nisiza kulomsebenzi obalulekile futhi ophuthumayo. Kanye-kanye singenza konke uBaba oseZulwini adinga sikwenze ukulungiselela umhlaba mayelana nokuBuya kwesiBili kweNdodana Yakhe Ayithandayo.

UJesu unguKristu. Leli yiBandla Lakhe. Ngalokhu ngiyafakaza egameni likaJesu Kristu, ameni.

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. Russell M. Nelson, “Hope of Israel” (worldwide youth devotional, Juni 3, 2018), HopeofIsrael.lds.org.
2. Bona 2 Nefi 25:26.
3. Ukuthola ismemezelo seNhlangotho yokuSiza yabesiFazane, bona uMary Ellen Smoot, “Rejoice, Daughters of Zion,” *Liahona*, Jan. 2000, 111–14.
4. Russell M. Nelson, “A Plea to My Sisters,” *Liahona*, Nov. 2015, 96; kugcizelelwe.

IGAMA ELILUNGILE LEBANDLA

NguMongameli uRussell M. Nelson

UJesu Kristu wasiyala ukuthi sibize iBandla ngegama Lakhe ngoba yiBandla Lakhe, eligcwele amandla Akhe.



Bafowethu nodadewthu abathandekile, ngalolu suku lweSabatha sijabula ndawonye ngezibusiso eziningi ezivela eNkosini. Siyakubonga ubufakazi benu bevangeli likaJesu Kristu elibuyisiwe, ngeninikela ngakho ukuze nihlale noma nibuyela endleni Yakhe yesivumelwano, kanye nemisebenzi eninikela ngayo eBandleni.

Namhlanje ngizwa kumele ngixoxe nani ngodaba olubaluleke kakhulu. Emasontweni adlule, ngakhipha istatimende esimayelana nokulungisa igama leBandla.¹ Ngakwenza lokhu ngoba iNkosi yangitshengisa ukubaluleka kwegama ayelikhethile leBandla Lakhe, iBandla likaJesu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina.²

Njengoba kwakulindelekile, izimpendulo mayelana nalesi sitatimende kanye nebhuku lokuhola lolushintsho zixubene. Amalunga amaningi alungisa ngokuphuthuma igama leBandla emibhalweni yabo kwi-intanethi kanye namakhasi ezindaba. Abaningi bazibuza ukuthi yindaba, njengoba kuningi kangaka okwenzeka emhlabeni, kudingeka sigcizelele into “enganamthelela” kangako. Abanye bathi ngeke kwenzeka, pho sizozamelani? Mangichaze ukuthi yindaba sikhathazeke kangaka ngaloludaba. Kodwa kuqala mangisho lokho *okungekhona*:

- *Akukhona* ukushintshwa kwegama.
- *Akukhona* ukuzakha kabusha.
- *Akukhona* okokubukwa.
- *Akukhona* ukushintsha umqondo.
- Futhi *akukhona* ukuthi akunamthelela.

Kunalokho, *ukulungisa*. Umyalo ovela eNkosini. UJoseph Smith akaliqambanga iBandla elabuyiswa ngaye; noMormoni akakwenzanga lokho. Msindisi uqobo owathi, “Ngokuba liyobizwa kanjena ibandla lami ngezinsuku

zokugcina, ngisho iBandla likaJesu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina.”⁴

Ngaphambilini, ngo AD 34, iNkosi yethu evuke kwabafileyo yanikeza imiyalo ecishe ifane kwamalunga eBandla Lakhe ngenkathi ivakashele eMelika. Ngaleso sikhathi Wathi:

“ngakho-ke niyolibiza ibandla ngegama lami. . . .

“Futhi lingaba yibandla lami kanjani ngaphandle kokuthi libizwe ngegama lami na? Ngokuba uma ibandla lingabizwa ngegama likaMose uma kunjalo liyibandla likaMose; noma uma lingabizwa ngegama lomuntu uma kunjalo liyibandla lomuntu; kepha uma lingabizwa ngegama lami uma kunjalo liyibandla lami.”⁵

Ngakho-ke, igama leBandla kwakungeyona into okungaxoxiswana ngayo. Ngenkathi uMsindisi ecacisa ukuthi igama leBandla Lakhe fanele kube yiliphi Uze aqale isimemezelo Sakhe ngokuthi “Ngokuba liyobizwa kanjena ibandla lami,” Uqinisile. Futhi uma semukela ukuthi kusetshenziswe amagama ayisidlalisano noma siwasebenzisa thina imbala, Uyaphoxeka.

Yini esegameni, noma, egameni eliyisidlalisano? Emagameni ayisidlalisano eBandla, anjengokuthi “iBandla le-LDS,” “iBandla likaMormon,” noma “iBandla labaNgcwele beziNsuku zokuGcina,” okubalulekile *kulawo* magama *ukungabibikho* kwegama likaMsindisi. Ukususa igama leNkosi eBandleni leNkosi ukunqoba okukhulu kwaSathane. Uma *sisusa* igama likaMsindisi, *siyakulahla* konke uJesu Kristu asenzele kona—ngisho neNhlawulo Yakhe.

Cabanga ngalokhu ngendlela Abona ngayo: Empilweni eyandulela eyasemhlabeni, wayenguJehova, uNkulunkulu weTestamente eliDala. Ngaphansi kokuyalelwa nguBaba Wakhe, wayenguMdali walomhlaba neminye.⁶ Wakhetha ukuzinikela kwintando kaBaba oseZulwini enzele bonke abantwana baNkulunkulu into omunye angeke akwazi ukuyenza! Wehlela emhlabeni njengoZelwe Yedwa

kuBaba enyameni, wazondwa kakhulu, waba yinhlekiso, wathifelwa futhi washawa. Ensimini yaseGetsemane, uMsindisi wethu wathwala *bonke* ubuhlungu, *konke* ukona, futhi *bonke* ubunzima nokuhlupheka *esike* sakuzwama mina nawe nawo wonke umuntu oke waphila noma ozo-ke aphile. Ngaphansi kwesisindo salomthwalo owawubuhlungu, wopha.⁷ Konke lokhu kuhlupheka kwakhula ngesikhathi ebethelwa ngonya esiphambanweni.

Ngenxa yakho konke lobu buhlungu noVuko Kwabafileyo olwalandela—Inhlawulo Yakhe Engenakuphela—Wasinikeza sonke ukungafi wasisindisa emiphumelweni yokona uma ngabe siphenduka.

Emuva kokuVuka kwaMsindisi nokufa kwabaPhostoli Bakhe, umhlaba wangena eminyakeni yobumnyama. Kwathi ngonyaka ka-1820, uNkulunkulu uBaba kanye neNdodana Yakhe, uJesu Kristu, baziveza kumphrofethi uJoseph Smith ukuqala ukubuyiswa kweBandla leNkosi.

Emuva kwakho konke akubekezelela—nakho konke akwenzela abantu bonke—ngiyabona ngokuzisola okukhulu ukuthi sesiyekele iBandla elibuyisiwe likaJesu Kristu ukuba libizwe ngamanye amagama, wonke esusa igama likaJesu Kristu!

Wonke amaSonto ngenkathi sidla ngokufanele isidlo, senza kabusha isethembiso esingcwele kuBaba wethu oseZulwini esithi sizothatha igama leNdodana Yakhe, uJesu Kristu.⁸ Siyathembisa ukumlandela, ukuphenduka, ukugcina imiyalelo Yakhe, futhi *nokuhlezi* simkhumbula.

Ngenkathi sisusa igama Lakhe eBandleni Lakhe, sisuke sisusa *Yena* njengobalulekile ezimpilweni zethu.

Ukuvuma ukubizwa ngegama likaMsindisi kuchaza ukumemezela nokufakazela abanye—ngezenzo zethu namazwi ethu—ukuthi uJesu unguKristu. Kungabe ukuthi sesisabe *ukuphoxa* umuntu osibize ngegama elithi “Mormoni” kangankokuthi sesihlulekile *nokuwikela* uMsindisi uqobo, ukumela ngisho nangegama elibizwa iBandla Lakhe?

Uma thina singabantu futhi ngamunye ngamunye sizothola amandla eNhlawulo kaJesu Kristu—okusihlanza futhi asipholise, okusiqinisa futhi asikhulise, kakhulukazi ukusiphakamisa—Kuzomele simamukele njengomthombo walamandla. Siqala ngokubiza iBandla Lakhe ngegama alishilo.

Kubaningi emhlabeni, iBandla leNkosi njengamanje lifihleke njenge “Bandla lamaMormoni.” Kepha thina njengamalunga eBandla leNkosi siyazi ukuthi ubani ome enhloko lalo: uJesu Kristu Uqobo. Okubi, abaningi abezwa leligama elithi *Mormoni* bengacabanga ukuthi sikhonza uMormoni. Akukho njalo! Siyamhlonipha

umphrofethi omkhulu owakudala eMelika.⁹ Kepha *asibona* abafundi bakaMormoni. Singabafundi beNkosi.

Ezinsukwini zokuqala zeBandla elibuyisiwe, amagama anjengaleli elithi *iBandla lamaMormoni* nelithi *amaMormoni*¹⁰ ayesetshenziswa njengamagama okudelela—amagama amabi, futhi ahlukumezayo—adalelwe ukususa isandla sikaNkulunkulu ekubuyiseni iBandla likaJesu Kristu kulezi zinsuku zokugcina.¹¹

Bafowethu nodadewethu, kuningi ukuphikisana komhlaba ngokubuyisa igama elilungile leBandla. Ngenxa yomhlaba odijithali esiphila kuwo futhi nokusheshiswa kwenjini yokucinga esisiza sonke sithole imniningwane esiyidingayo ngokuphazima kweso—nakanjalo nemniningwane engeBandla leNkosi—abaphikisayo bathi ukulungisa manje akuhlakaniphile. Abanye babona ukuthi ngoba saziwa kakhulu ngokuba “amaMormoni” nange “Bandla lamaMormoni,” kumele sivele sikusebenzise kunjalo.

Ukuba le yingxoxo ngokwakha inhlango eyakhwa ngabantu, lokhu kuphikisana kunganqoba. Kepha kuloludaba olubaluleke kanje, sibheke kuYe okuyiBandla Lakhe leli futhi siyamukela ukuthi izindlela zeNkosi akuzona, futhi azisoze zibe, izindlela zabantu. Uma singabanesineke futhi sidlale indima yethu kahle, iNkosi izosihola kulomsebenzi obalulekile. Ngoba siyazi ukuthi iNkosi isiza labo abafuna ukwenza intando Yakhe, njengoba asiza uNefi aqede umsebenzi wokwakha umkhumbi ukuze awele ulwandle.¹²

Sizodinga ukuba nenhlonipho futhi nesineke emizamweni yethu yokulungisa lamaphutha. Abezindaba abaqotho bazoba nozwelo ekuphenduleni isicelo sethu.

Kumhlangano omkhulu odlule, Igosa uBenjamín De Hoyos wakhuluma ngesehlakalo esikanje. Wathi:

“Eminyakeni edlule ngenkathi ngisebenza ehhovisi lokuthintana nomphakathi leBandla eMexico, [umlingani wami nami] sabizwa ukuzokhuluma emsakazweni. . . . [Omunye owayephethe uhlelo] wasibuza, ‘Yingani iBandla linegama elide kanje? . . .’

“Mina nomlingani wami samoyizela ukuzwa umbuzo omuhle kanje sasesaqhubeka ukuchaza ukuthi igama leBandla lalingakhethwanga umuntu. Lalinikezwe nguMsindisi. . . . Umphathi wohlelo waphendula ngokushesha futhi ngenhlonipho, ‘Kusho ukuthi sizoliphinda ngentokozo enkulu.’”¹³

Lowo mbiko usinikeza isibonelo. Imizamo yethu emikhulu njengabantu izodingeka ukuba silungise amaphutha angenile eminyakeni edlule.¹⁴ Umhlaba ungalandela noma ungalandeli isibonelo sethu sokuzibiza ngegama

elilungile. Kepha akuhlakaniphile ukuthi thina sicikeke uma umhlaba ubiza iBandla namalunga alo ngamagama angalungile uma nathi senza njalo.

Ibhuku lokusisiza elishintshiwe liyasiza. Lithi: “Uma usho kokuqala, kuncamelwa igama eliphelele leBandla: ‘iBandla likaJesusu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina.’ Uma kudingeka usho elimfishane (okwesibili), amagama athi ‘iBandla’ noma ‘iBandla likaJesusu Kristu’ ayakhuthazwa. Ukuthi ‘iBandla likaJesusu Kristu elibuyisiwe’ nakho kuyakhuthazwa.”¹⁵

Uma umuntu ebuza, “UyiMormoni?” ungaphendula uthi, “Uma ubuza ukuthi ngiyilunga leBandla likaJesusu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina, yebo, ngiyilona!”

Uma umuntu ebuza ethi, “ungoNgcwele weziNsuku zokuGcina?”¹⁶ ungaphendula uthi, “Yebo, nginguye. Ngikholelwa kuJesusu Kristu futhi ngiyilunga leBandla Lakhe elibuyisiwe.”

Bafowethu nodadewthu, ngiyanithembisa ukuthi uma singenza konke okusemandleni ethu ukubuyisa igama elilungile leBandla leNkosi, Loyu okuyiBandla Lakhe leli uzothela amandla akhe nezibusiso emakhanda abaNgcwele beziNsuku zokuGcina,¹⁷ esingakaze sizibone. Sizothola ulwazi namandla aNkulunkulu azosisiza sihambise izibusiso zevangeli elibuyisiwe likaJesusu Kristu kuzo zonke izizwe, izihlobo, izilimi nabantu, nokuba silungiselele ukuBuya kwesiBili kweNkosi.

Ngakho-ke, yini esegameni? Uma sikhuluma ngegama leBandla likaNkulunkulu, impendulo ithi “Konke!” UJesusu Kristu wasiyala ukuthi sibize iBandla ngegama Lakhe ngoba yiBandla Lakhe, eligcwele amandla Akhe.

Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyaphila. UJesusu unguKristu. Uholo iBandla Lakhe namhlanje. Ngiyafakaza egameni elingcwele likaJesusu Kristu, ameni.

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. “iNkosi ingitshengise ukubaluleka kwegama Alikhethile leBandla Lakhe, ngisho iBandla likaJesusu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina. Sinomsebenzi ngaphambi kwethu ukuba sizihlanganise nentando Yakhe. Emasontweni asanda kudlula, abaholi beBandla neminyango eyahlukahlukene aseqale athatha izinyathelo zokwenza

njalo. Eminye imininingwane ngaloludaba olubalulekile izotholakala ezinyangeni ezilandelayo” (Russell M. Nelson, ku “The Name of the Church” [official statement, Aug. 16, 2018], mormonnewsroom.org).

2. Abaphrofethi abadlule beBandla nabo bake bafaka isicelo esicishe sifane. Isibonelo, nguMongameli uGeorge Albert Smith owathi: “Ningayiphoxi iNkosi ngokubiza leliBandla ngeBandla lamaMormoni. Akalibizanga ngokuthi iBandla lamaMormoni” (in Conference Report, Apr. 1948, 160).
3. Bona “Style Guide—The Name of the Church,” mormonnewsroom.org.
4. IMfundiso neziVumelwano 115:4.
5. 3 Nefi 27:7–8.
6. Bona uMose 1:33.
7. Bona IMfundiso neziVumelwano 19:18.
8. Bona uMoroni 4:3; IMfundiso neziVumelwano 20:37, 77.
9. UMormoni wayengomunye wababhali abakhulu abane beNcwadi kaMormoni, abanye kwakunguNefi, uJakobe noMoroni. Bonke babeyibone ngamehlo iNkosi, kanjalo nomhumushi owayekhethiwe, uMphrofethi uJoseph Smith.
10. Ngisho negama elithi *Mormonites* lalisetshenziswa njengegama elikhombisa ukudelela (bona *History of the Church*, 2:62–63, 126).
11. Okunye ngathi kuvele kwiTestamente eliSha. Ngenkathi yecala likaMphostoli uPawulu ngaphambi kukaFeliksi, kwathiwa uPawulu “yinhloko yohlelo lamaNazaretha” (IzEnzo 24:5). Mayelana nokusetshenziswa kwemagama elithi “lamaNazaretha,” omunye umphawuli wabhala: “Leli yigama okwakujwayelwe ukunikezwa amaKristu ukuzama ukuthi awayilutho. Babebizwa kanjalo ngoba uJesusu wayesuka eNazaretha” (Albert Barnes, *Notes, Explanatory and Practical, on the Acts of the Apostles* [1937], 313).
Omunye umbhalo uthi: Njengoba iNkosi yethu yayibizwa ‘ngomNazaretha’ (Matt. xxvi. 71), ngakho amaJuda abiza abafundi bakhe ‘amaNazaretha.’ Ayengafuni ukuvuma ukuthi bangamaKristu, i.e. abafundi baMesiya” (*The Pulpit Commentary: The Acts of the Apostles*, ed. H. D. M. Spence and Joseph S. Exell [1884], 2:231).
- IGosa uNeal A. Maxwell naye wabona: “Kuwo wonke umlando wombhalo ongcwele, sibona imizamo ephindapindiwe yokwehlisa abaprofethi ukuze benganakwa—ukubaqamba ukuze benganakwa. Kakhulukazi, kodwa, babezitshwa ngababephila nabo nomlando wangaphandle kwenkonzo. AbaKristu babebizwa nje qha “ngohlelo lamaNazaretha,” (IzEnzo 24:5.)” (“Out of Obscurity,” *Ensign*, Nov. 1984, 10).
12. Bona 1 Nefi 18:1-2.
13. Benjamín De Hoyos, “Called to Be Saints,” *Liahona*, May 2011, 106.
14. Noma ngabe asinawo amandla okushintsha abantu abasibiza ngakho, sinawo wonke amandla okunaka ukuthi thina sizibiza kanjani. Singafuna kanjani abantu behloniphe igama elilungile leBandla uma thina njengamalunga singakwazi?
15. “Style Guide—The Name of the Church,” mormonnewsroom.org.
16. Igama elithi *ongcwele* lisetshenziswe kakhulu eBhayibhelini elingcwele. Incwadini yaPawulu ebhalele abase-Efesu, njengesibonelo, wasebenzisa igama elithi *ongcwele* kanye noma ngaphezulu kuzo zonke izahluko. Ongcwele ngumuntu okholelwa kuJesusu Kristu futhi ozama ukumlandela.
17. Bona IMfundiso neziVumelwano 121:33.